NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2021

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU A UKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 1.1.1 Leli gama lichaza umuntu wesifazane obukekayo ongenele umncintiswano wesicoco sokuba unobuhle ezingeni lezwe noma lomhlaba. (1)

1.1.2 (a) Ukuncoma/Into ekwenelisayo/ekujabulisayo/oyithandayo. (1)

(b) Ukunqoba umncintiswano othile. (1)

1.1.3 Benovalo. Abafana babenovalo uma bebona ibhubesi ehlathini. (1)

1.1.4 UZozibini ungenele lo mncintiswano ngoba unika abantu besifazane ithuba lokuhola ngezwi nomyalezo oqinile. (1)

1.1.5 Uthola ithuba lokuyomela izwe lakhe kuMiss Universe kanye nethuba lokuba usaziwayo unyaka wonke okungamvulela amathuba amahle emisebenzi noma aziqalele awakhe amabhizinisi. (2)

1.1.6 Umbono ngoba umuntu wesifazane onebala elinsundu nezinwele zendabuko uyabamuhle naye. (2)

1.1.7 Ugqugquzelwa ukufunda ngomlando wamaqhawe omzabalazo angasekho njengoNelson Mandela, Steve Biko noPrincess Diana. Uqala usuku ngamazwi akhe amgqugquzelayo ukuthi muhle, uhlakaniphile futhi angenza kangcono emncintiswaneni. (2)

1.1.8 Umzali angadlala indima enkulu empumelelweni yengane yakhe. Lokhu angakwenza ngokuyikhuthaza njalo aphinde ayeseke ngazo zonke izikhathi. Lokhu kungenza ingane ihlale izethemba njalo. (2)

1.1.9 Izingane zamantombazane zingafundiswa indlela yokuziphatha nokuzihlonipha. Zingafundiswa ukuthi zingasabi ukungena emikhakheni yezemfundo neyemisebenzi obekukade kungena kakhulu abesilisa kuyona. (2)

1.1.10 Kumsizile kakhulu ngoba ukhule eyingane ezihloniphayo futhi nebahloniphayo abanye abantu. Ubonakala ezigqaja ngesikhumba sakhe esinsundu kanye nezinwele zakhe zendabuko. (2)

1.1.11 Abazali bangadlala indima ebalulekile ukukhuthaza izingane zabo ukuthi zilangazelele impumelelo kwezikwenzayo. Abazali bangaphinda bahambele imincintiswano lapho ingane iqhudelana nezinye ukuze ibone ukuthi abazali banayo kulokhu ekwenzayo. (2)

[19]

IEB Copyright © 2021

1.2 1.2.1 C (1)

1.2.2 Achaza ukuthi amadlozi akubo amsindisile engozini yemoto embi. (1)

1.2.3 Ukugingqika kwemoto, ukuphahlazeka kwamawindi kwase kuba nezingxenye ezithile zemoto eziphumile. (2)

1.2.4 Isithombe sibonisa ingozi embi engahle idalwe ukushayela budedengu. Umnyango wezokuthutha kufanele usebenzisane namaphoyisa ukuqinisa imithetho yemigwaqo. Kufanele baboshwe abantu abangayihloniphi imithetho yemigwaqo kanye nabashayela bephuzile. (2)
[6]

Amamaki angama-25

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 2

ILanga LangeSonto likhulume noDokotela Nokubonga Khoza ngamasu okunakekela isikhumba ngalesi sikhathi sonyaka. Ukoma kwesikhumba kudalwa ukubanda nomoya owomile. Umoya owomile nesimo sezulu esibandayo kuqeda umswakama esikhunjeni. Uma isikhumba sesomile siyababa. Okunye okwenza isikhumba sibabe wuhlobo lwezingubo esizigqokayo. Izimpahla ezakhiwe ngoboya kanye nendwangu yefulaneli ziyakudala ukubaba kwesikhumba. Okunye ukuluma kwesikhumba kungadalwa ukhwekhwe, lapho amasosha omzimba ehlasela umzimba esikhundleni sokuthi sivikeleke. Abantu bakhuthazwa ukuthi bagcobe isikhumba njalo, baphuze amanzi futhi basebenzise izivikela-langa ukugwema izinkinga zesikhumba.

Amagama angama-70

KUMAKWA KANJE:

Amaphuzu = 5
Amagama omfundi = 3
Inani lamagama = 1
Ukubhala ngesigatshana = 1

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 3

INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI

3.1 3.1.1 Namuhla ngiqombol' izintaba (1)

3.1.2 (a) Liveza umoya wosizi ngoba uzoshiya abazali bakhe nezingane zakubo ayoqala impilo entsha komunye umuzi. (1)

(b) Lisivezela ukuthi lapho eyoganela khona kungenzeka impilo ibenzima ngakho kudinga ukuthi abekezele. (1)

3.1.3 Imbongi inika umqondo wokuthi umakoti akazi ukuthi lapho ezoganela khona uzofika aphile impilo enjani. (1)

3.1.4 Imbongi igcizelela umqondo womnikelo ewenzile ishiye konke okwakubo yayophemba umuzi wayo. (2)

3.1.5 Isihloko sale nkondlo siyahambisana nokushiwo yinkondlo ngoba enkondlweni imbongi ithole umendo kodwa umamezala akayiphathisi okukamama wayo oyizalayo, kukwenye indawo lapha. (2)

3.1.6 Amagama abhalwe ngokugqamile ayimpindwa. Imbongi igcizelela ukuthi umakoti lapho eganela khona uzohlangana nenkosikazi okungeyena umama wayo futhi impilo ayizukufana nalapho ezalwa khona umama wayo. (2)

3.2 3.2.1 Liwulolonga ngokuthi lethula isithombe esicacile sokuthi le nkomazi okukhulunywa ngayo inobisi oluningi kakhulu. Lolu bisi olukhiqizwa yile nkomazi londla izizukulwane eziningi. (1)

3.2.2 Umugqa ugqamisa ukuthi lolu bisi luphinde londle izizukulwane zayo. (2)

3.2.3 Ukubuya kwezinkomo inhlazane zisuke zibuyela emini ukuzosengwa kodwa ukubuya umphehlu ukungena inkomo okwesibili uyisenge uma inobisi oluningi. (2)

3.2.4 Le nkondlo inomqondo ojulile. Kungenzeka ukuthi ikhuluma ngesikole lapho abafundi bengatholi ulwazi olwanele kanti abanye abafundi kulesi sikole bazuza ulwazi oluningi. (2)

IEB Copyright © 2021

3.3 3.3.1 Le nkondlo ikhuluma ngomuntu ocela uSomandla amamukele ezulwini uma impilo yasemhlabeni imphatha kabi. (1)

3.3.2 Sigcizelela ukuthi yonke imizamo yembongi yokwenza impilo yayo ibengcono emhlabeni ayiphumelelanga. (1)

3.3.3 Izimpawu zokuloba ezitholakala ekugcineni kwemigqa zenza isigqi senkondlo sinense. Lokhu kutshengisa ukuthi imbongi iphatheke kabi. (1)

3.3.4 Isithulu umuntu ongezwa ezindlebeni kanti impumputhe umuntu ongaboni emehlweni. (2)

3.3.5 Imbongi yayinemizwa yosizi ngesikhathi ibhala le nkondlo ngoba impilo yayo ayihambi kahle lapha emhlabeni. Icela uSomandla ayamukele ngoba ibona sengathi umhlaba uyiphendukele. (2)

3.4 3.4.1 Se …
Se …
Imvumelwano siqalo (2)

3.4.2 Imbongi isebenzise umbuzombumbulu. Uphawu lokubuza lugcizelela ukuthi imbongi iyahlupheka, ayinalutho kodwa inalo ikhaya lakubo lapho ingafika yamukelwe kahle khona. (2)

3.4.3 Umugqa we-18 usikhombisa ukuthi imbongi inesifiso sokubuyela ekhaya, ukuze kuthi uma ishona ingcwatshwe emathuneni akubo. (2)

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 4

4.1 4.1.1 Isigadla, -gadla

(a) Isigadla sale moto sidinga ukushiselwa ngoba sesigugile.

(b) Azofa amaqanda uma ulithi gadla ibhokisi lawo. (2)

4.1.2 Umthwalo
Umama uthatha umthwalo osindayo. (2)

4.1.3 Ubaba uphethe izimpahla ezisindayo./Bayasinda kule ndlu yingakho ipholile nje ehlobo. (1)

4.1.4 USipho uthwalisa/uthwesa umama amasaka ommbila. (1)

4.1.5 Kulanjiwe, akukho ukudla. (1)

4.1.6 Ibizoqoqa. Abantu bazingela izinyamazane ehlathini. (1)

4.2 4.2.1 Ukuhlukunyezwa kwabantu besifazane/Bayaboshwa abantu abahlukumeza abesifazane/Umthetho uqinile kwabahlukumeza abantu besifazane. Ngiyinika lesi sihloko ngoba isivezela ukuthi abantu abahlukumeza abantu besifazane bathola isijeziso esinzima. (2)

4.2.2 Yebo, bafanelwe ukuthola isigwebo seminyaka engama-32 ngoba ukuhlukumeza umuntu wesifazane kuyicala elikhulu. Umthetho kufanele ubavikele abantu besifazane kubantu abahlukumezayo. (2)

4.2.3 Iminyaka engamashumi amathathu nambili izodlulisa umyalezo ocacile kuzigilamkhuba ukuthi uma zihlukumeza abantu besifazane noma ziphula umthetho zizothola isijeziso esinzima. (2)

4.2.4 Aveza imizwa yokuthi abantu abaningi abahambisani nabantu abahlukumeza abesifazane. Bafuna baboshwe. (2)

4.2.5 Izinkundla zamacala zingadlala indima emqoka ukunciphisa izigameko zokuhlukunyezwa kwabantu besifazane. Kufanele zikhiphe izigwebo ezizofundisa izigilamkhuba ukuthi uma uhlukumeza abesifazane noma ukuphula umthetho uzothola isigwebo esinzima. (2)

4.3 4.3.1 Siqondiswe kubafundi abafunda isiZulu. (1)

4.3.2 Adlulisa umyalezo othi ungachithi sikhathi, ngenela umncintiswano ngokushesha. (1)

IEB Copyright © 2021

4.3.3 Kwenzelwa ukuthi isikhangiso sigqame futhi sihehe abantu abaningi. (1)

4.3.4 Usiza ukuthi izingane zifunde ulimi lwesiZulu, ziqhudelane ngalo bese zithola ithuba lokwandisa ulwazi lolimi lwesiZulu. (1)

4.3.5 Umbhali usebenzise ulimi oluhle olwenza isikhangiso sihehe kulowo osifundayo. Usebenzise isaga esithi "imbila yaswela umsila ngokuyalezela" waphinde wasebenzisa nesisho esithi, "ungabe usapholisa maseko". (3)

[25]

UMBUZO 5

Kungabe umculo kamasikandi ungumculo odla ubhedu lapha e**N**ingizimu ✓ Afrika**?** ✓ **Lolu hlobo** ✓ lomculo luculwa kakhulu ngolimi lwesi**Z**ulu. ✓ Umnumzane **B**hodloza ✓ **N**zimande ✓ ongasekho emhlabeni waba ngomunye wabasakazi bo**K**hozi ✓ **FM** ✓ abaqhakambisa kakhulu lo mculo. Kubaculi abadumile kubalwa u**P**huzekhemesi, ✓ uMfazomnyama ne**M**ithente. ✓ Abaculi besifazane nabo abazibekile phansi kulolu hlobo lomculo. Bangene ngomkhono nesiphanga.

[10]

Amamaki angama-35

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2021